WOH ISIQEPHU 215

Baba namadodakazi_uKwenza uxolo nobaba

Isihloko sokuphila: Obaba namadodakazi (Thandiwe)

Indaba yomphefumulo: Ukwenza ukuthula nobaba (Philile)

Isihloko: Ubuhlobo / umndeni

Isihlokwana: Ukuba umzali

Nomusa: Ngiyakubingelela mlaleli egameni lenkosi yethu uJesu, futhi wamukelekile ohleleweni lwethu oluthi abesifazane abanethemba igama lami ngingu Nomusa.ngihamba nodadewethu u Philile nodadewethu uThandiwe bingelela dadewethu uPhilile

Philile: Ngiyabonga dadewethu uNomusa ngiyakubingelela mlaleli, futhi wamukelekile, Siyajabula ngokuthi uhlanganyele kanye nathi ngesikhathi sethu esikhethekile sindawonye.

Nomusa: Ngiyabonga dadewethu Philile mlaleli isihloko sethu sanamuhla esizokhuluma ngaso sithi, Obaba namadodakazi, ngoba sonke thina besifazane sithinteka kakhulu ngobudlelwane esinabo nobaba. Wena dadewethu uPhilile ingabe, ubudlelwane bakho nobaba wakho bunjani?

Philile: Wow ... lowo ngumbuzo omuhle! Uma ngingakhuluma iqiniso ngingasho ngithi ubudlelwane bami nobaba babu nemiphumela ephansi. Usaphila, futhi usashadile noMama wami futhi uyaqhubeka eyingxenye ebalulekile empilweni yami. Kodwa ngiba nobuhlungu ngisaba nabo lapho uma ngicabanga ngesikhathi lapho ngisengumntwana. Ngezinye izikhathi ubaba wayenomusa. Wayengigona angitshele ukuthi uyangithanda. Kodwa ngezinye izikhathi, wayevele athukuthele, ehluleka nawukuzibamba esihlukumeza thina zingane ngamazwi futhi ngezinye izikhathi asishaye kanzima kakhulu. Lezo

zinto zingalimaza umuntu impilo yakhe yonke. Awusoze wakhohlwa ilezo zimo ezinjalo ... kodwa ungathola ukuphulukiswa kuleyo mcabango enjalo onayo empilweni yakho.

Nomusa: Siyabonga dadewethu uPhilile ngokusixoxela ngalokhu odlule kukho. Ngiyazi ukuthi baningi abesifazane abalalele abangathola isifundo sokuhle noma okubi owake waba nakho nobaba wakho.

Philile: Ngiyathemba ukuthi bakhona! Lesi sihloko sibalulekile kakhulu. Thina bantu besifazane kumele siqonde ukuthi kungani obaba bethu bebalulekile kithina. Uma unobudlelwane obukhulu nobaba wakho, ubusisiwe! Uma ungakaze ube nobaba, noma ulimele ngenxa yokuthi uBaba wakho wakuphatha kanjani, sicela uhlanganyele kanye nathi

Nomusa: Siyabonga dadewethu u Philile, mlaleli ukhona udadewethu u Thandiwe ozokhuluma kabanzi ngesihloko sethu obaba namadodakazi kwezempilo bingelela dadewethu uThandiwe

Thandiwe: Ngiyabonga dadewethu uNomusa ngiyakubingelela mlaleli futhi ngiyakwamukela ohlelweni lwethu oluthi abesifazane abanethema igama nginguThandiwe ngingowesifazane osekhulile, kodwa ngiseyiyo "intombazane kababa". Ubaba washona eminyakeni engu-15 eyedlule futhi nginendoda enhle kanye nobabezala. Kodwa kukhona izikhathi engimkhumbula ngempela ubaba wami. Kukhona inkulumo ethi: "Indodana iyindoda ize ithole umfazi, kodwa indodakazi iyindodakazi impilo yayo yonke ". ingabe lokhu kuyiqiniso na?

Kukhona ubudlelwane obukhethekile phakathi kobaba namadodakazi-kungakhathaliseki ukuthi buhle noma bubi. Akunandaba ukuthi sesikhule kangakanani, ubudlelwane esinabo nobaba, obuhle noma okunye, bunomthelela omkhulu kulokhu esiyikho thina njengabantu besifazane. Obaba bethu ibona abanomthelela omkhulu kulokhu esizoba yikho ngaphezu komama bethu. Ubuhlobo bethu nabayeni, imisebenzi yethu, kanye nendlela esizibheka ngayo, kungakhathaliseki ukuthi siyayibona noma cha. Ngeshwa, obaba bethu bangabantu, okusho ukuthi abaphelele. Ngisho nobaba abakhulu benza amaphutha amakhulu. Futhi-ke kukhona obaba abaye balawule, abahlukumezayo, noma abavele bengekho ngenxa yokufa, isehlukaniso, abanye ngenxa yokulahla imindeni yabo, noma ukungabandakanyeki ekhaya.

Kusobala ukuthi kubalulekile ukuqonda ukuthi obaba bethu basize kanjani ukuhlela impilo yethu.

Ubaba wethu uyisingeniso sethu sokuqala kumuntu wesilisa noma ubulili obuhlukile. Ngokuqondile nangokungaqondile uyasifundisa ukuthi kusho ukuthini ukuba owesilisa. Indlela ekhombisa ukuthi sifundeni kobaba bethu ibonakala ngendlela esixhumana ngayo nabantu besilisa abasezimpilweni zethu ingabe esisondelene nabo noma esisebenza nabo. Indlela esibona ngayo amanye amadoda ihlotshiswe ngobaba bethu nokuthi silindele ukuthi amadoda aziphathe kanjani kithi kwakhiwe yibo.

Indlela ubaba abonisa ngayo indodakazi yakhe ihluke kakhulu kunomama. Uthando lukamama luvame ukungabinambandela. Kodwa uthando lukababa lungase lubonakale njengomvuzo wokusebenza kahle. Ngakho indodakazi ingase ithathe uthando lukababa njengento okumele iyisebenzele. Lokhu kwenziwa ukuhluleka kwamadoda ukuba anikele ngokuzenzekelayo, uthando oluqondile kumadodakazi abo. Ngezinye izikhathi umama kufanele ahumushe futhi athi, "Ubaba uyakuthanda ngempela ukuthi kunzima kuyena ukukubonisa". Kuyisipho sangempela uma ubaba ekwazi ukuveza imizwa yakhe ejulile kwintombazane yakhe.

Ngenxa yokuthi ubaba akahlali ekhaya njengomama, izimvo zakhe kanye nezimpendulo zithinta kakhulu. Uma ubaba eveza ukuyethemba, futhi ukuziqhenya ngendodakazi yakhe, uyayisiza ukuba inganciki kakhulu kubazali bayo futhi ikhula njengowesifazane ozimele. Amantombazane amancane akhula ukuba abe ngabesifazane futhi ubaba kufanele ahloniphe lokhu futhi athathe lokhu ngokujulile. Ngesinye isikhathi ubaba kufanele "adedele" intombazane yakhe encane bese ekhuluma nayo njengomuntu omdala. Ubaba wakho angase abe ngumuntu onegunya empilweni yakho, kodwa akufanele abe "undlovu kayiphikiswa".

Obaba bethu nabo badlala indima esenza sibe ngabesifazane abadala. Lokhu, oyikho, kuzohluka kakhulu kuwe ngokwesiko lakho, kodwa kunezindlela ezimbili eziyisisekelo ubaba angaba umthelela empileni yakho ngazo. Angase abelane ngombono "owandisiwe" wamakhono abesifazane-ngokwesibonelo, angabonisa futhi aveze kaningi umbono wokuthi akukho lutho owesifazane angakwazi ukukwenza noma uma ekhetha. Ngakolunye uhlangothi angase

abonise umbono "olinganiselwe" ngokuxhumana ukuthi abesifazane kufanele balandele izindima ezilindelekile. Amadodakazi amaningi awakhuthazwa ukuba abe yilokho angase abe yikhona, futhi asaba ukuphumelela kakhulu. Umbono kababa wokuzikhandla, ukufeza, nokukwazi, nokuthi lokhu kuhlotshaniswa kanjani nowesifazane kuyokwenza umehluko omkhulu ekuziphatheni komuntu oyindodakazi.

Indlela owesifazane azibuka ngayo yakhiwa ngubaba wakhe. Ubaba uyindoda yokuqala esiyaziyo nesithanda isinake. Uyindoda yokuqala esiyithandayo, indoda yokuqala esigonayo isidlalise, umuntu wokuqala ukusithanda ngaphezu kwamanye amantombazane. Lokhu konke kubalulekile ekuthuthukiseni impilo yomuntu wesifazane. Konke lokhu kunakekela okumangalisayo kukababa ngentombazane yakhe kuyilungiselela indima eyingqayizivele yokuba ingoduso noma inkosikazi.

Kodwa, kwenzekani uma konke lokhu kuxhumana okuhle kungekho ebudlelwaneni phakathi kuka baba nendodakazi? Kuthiwani uma ubaba wakho engekho ngokomoya noma engekho siqu sakhe? Kuthiwani uma enesihluku, engakufuni, noma ehlezi ethukuthele? Njengamantombazane amancane into esiyiqondayo iloku kokuthi, "Ubaba akayithandi indlela engiyiyo noma engidalwe ngayiyo ngakho-ke kumelwe ngishintshe ngendlela azongithanda ngayo ubaba." Ukuthuthukiswa kwethu kwesifazane kuphelile; Asiphelele futhi sishiywe sodwa ukuthola ukuthi kusho ukuthini ukuba ngowesifazane. Lokhu kungaholela emiphumeleni emibi ebudlelwaneni bethu bamuva nabesilisa.

Enye into eyenzekayo ukuthi njengoba ubaba wakho enganikezi isithombe esifanele sokuthi indodakazi idinga, yena (ngokungazi kahle, uyazikhethela ukufeza leyo ndima ngokwakhe. Ubani owesifazane onamandla, onobudlova, ethatha ukulawula abantu nezimo. Ungowesifazane ophatha ikhaya lakhe njengebhizinisi noma abe ohlukumezayo endaweni yokusebenzela. Konke lokhu kuyindlela yokuzivikela ngokumelene nobuhlungu bokushiywa noma ukulahlwa nguyise. Kodwa izikhali zisebenza ngezindlela ezimbili-zigcina ubuhlungu, kodwa futhi zivalela imizwa yowesifazane, izinzwelo ezithambile. Indodakazi enjalo ingahlukaniswa ebudlelwaneni obuhle namadoda kanye nokuphila okuphelele ayedalelwe ukukujabulela.

Ingabe wena mlaleli, unobudlelwane obuhle nobaba wakho noma wawunobudlelwano obuhle na? Ingabe uyabonisa noma wabonisa uthando lwakhe ngawe futhi wakukhuthaza wena? Ingabe wayekhona empilweni yakho futhi wayenomusa? siyakubongela!! Wena uyindodakazi ebusisiwe kakhulu!!

Kodwa-ke, kuthiwani uma unenselelo ubaba engekho noma ohlukumezayo-kukhona yini ongakwenza ukuze uqale ukusizakala kulobubudlelwano obulimazayo?

Encwadini ethi, Always Daddy's Girl, umbhali, H. Norman Wright, ukhombisa ukuthi unezinqumo ezintathu. Kuye ngokuthi yisiphi isinqumo osithathayo ingabe ukhetha ukuba nekusasa eliqhubekayo lobuhlungu nokulimala noma ikusasa lethemba nokuphulukiswa.

* Okokuqala, ungahlala uhlukumezekile futhi wenqabe ukushiya amaphutha kayihlo. Ungagcina ubuhlungu bakho nentukuthelo yakho futhi uvumele lokhu ukuthi kunqume imanje kanye nekusasa lakho.

* Okwesibili, ukulwa nobaba wakho. Ungakwazi ukukhononda nokuzonda futhi ugcine zonke izilonda zivulekile

* Okwesithathu, ungakhetha ukwamukela okwedlule futhi kuthinteke kuwe bese uthatha isinyathelo esidingekayo ukuze ugqashule izibopho ezibambe impilo yakho, imanje nekusasa lakho. Kuyinto oyikhethayo.

Kuningi okubandakanyekayo ekwenzeni okwesithathu. Asinaso isikhathi sokuhlola lokhu ngokugcwele. Iseluleko sami kuwe-uma ukwazi, funa umfundisi noma umeluleki ongakusiza ukuthatha isinyathelo ngenqubo yokuvumela ukuhamba nobuhlungu nokufutheka futhi akusize ngokuphulukiswa nokuthethelela. Uma ungenayo le nsiza, kuzomele uzame wena.

Isinqumo sokuthethelela. Ukuthethelela kuyinto ebaluleke kunazo zonke okumele ubhekane nayo ekukhululeni okudlule nakho konke okulimazayo.

"Kodwa ngimthukuthelele kakhulu lowo muntu!" Kusho wena. Kungokwemvelo ukuthukuthela, kodwa uma uthukuthele awukwazi ukuthethelela.

Kufanele ukhethe ukuyeka intukuthelo yakho.

- Enye indlela yokwenza lokhu ukukhomba izinto ezikuthukuthelisayo. Uma ungakwazi, bhala uhlu. Kuloluhlu kungase kube izinto ezinjengalezi, "Ubaba wayengekho ekhaya", "Ubaba ushaya umama wami", njll. Uma usuyibonile intukuthelo, ungakhetha ukuyikhulula bese uyiyeka. Enye indlela ukuthandaza nokuvumela uBaba wethu osezulwini ophelele ukuba athathe yonke leyo ntukuthelo futhi aphulukise inhliziyo yakho elimele.

- Manje kufanele ushintshe imizwa emibi ube nemizwa emihle. Ngeke kube lula ukuzwa uthando, ukwamukelwa, noma ubungani kumuntu oye wakulimaza kakhulu futhi wakuzwisa usizi. Kodwa kufanele ngoba wena uzophila ungenayo imizwa nhlobo kuye futhi lokho akukuhle.

- Okulandelayo udinga ukuthi, "Ngikuthethelela. . . "Futhi uhambe ohlwini lwakho. Lokhu akudingeki ukuthi ukusho uqobo kubaba wakho - kungenzeka ukuthi amsekho emhlabeni noma awazi ukuthi umaphi kodwa kufanele ukusho uphimisele noma ukubhale ephepheni. Uma izinto ezintsha ezingekho ohlwini zifika engqondweni, zifake. Futhi ngokulandelayo udinga ukuzithethelela nawe. Ubaba wakho akazange akulahle noma akulimaze ngoba umubi noma ngoba ubufanelwe. Kungenzeka ukuthi wenze izinqumo ezingalungile ngendlela eyakulimaza kakhulu futhi wenza izinto ezimbi kakhulu. sekudlule-zithethelele futhi uqhubekele phambili.

UBaba wethu wasezulwini ngubaba ophelele futhi angaba ubaba kithi uma singenaye eyodwa noma uma singaba ngabaphelele. Lokho kufanelana nathi sonke. Ubaba wami wayengaphansi kokuphelela, ngoba wayengumuntu. UBaba wethu wasezulwini ufuna sonke size kuye futhi sibeke imithwalo yethu uyosinika ukuphumula. Uma umfuna, khona-ke uzokusiza ukuthi uzazi, njengendodakazi yakhe, ukuthi uyindalo enhle kangakanani njengowesifazane.

UMCULO

Nomusa: Siyabonga kakhulu dadewethu Thandiwe ngesifundo sethu sanamuhla njengoba sifundile namuhla, uBaba unomthelela omkhulu empilweni nenhlalakahle yendodakazi yakhe. Kodwa kwenzekani uma ubaba wakho engasekho emhlabeni, noma ungamazi ukuthi ukephi? Kuthiwani uma esengumuntu omubi noma ehlambalaza noma engafuni lutho ngawe? Ungakunqoba kanjani lokhu okulimazayo okukhulu empilweni yakho? Nangu udadwethu uPhilile ukukunikeza usizo nokukududuza.

Phililе: Ngiyabonga dadewethu uNomusa ngiyakubingelela futhi mlaleli. Ukubambisana nomndeni kubaluleke kakhulu, kepha ngezinye izikhathi kunzima ukukwenza, akunjalo? Namuhla sizobe sikhuluma ngokwenza ukuthula nobaba. Kuwe kungenzeka ukuthi, ubuhlobo nobaba wakho buhle. Mhlawumbe ubuhlobo bakho nomama wakho obudinga usizo, noma mhlawumbe ubuhlobo nomunye obalulekile kuwe kudinga ukuphulukiswa. Sicela uqhubeke ulalele ngoba lo mlayezo ungakusiza nganoma yibuphi ubudlelwano obunzima noma obuphukile. Kodwa okokuqala, ake ukhuleke kanye nami?

Nkulunkulu othandekayo, sibonga kakhulu ukuthi asisodwa. Sinawe ngezikhathi zonke. Kungakhathaliseki ukuthi kwenzekani, ukhona kithi. Siyabonga. Nkulunkulu, sizobe sicabanga ngomndeni futhi namhlanje. Sicela usisize ukuba sizimisele ukubuka ubudlelwane obunzima futhi sisize ukuba silungele ukuthatha ingxenye yethu ekuphulukiseni lobu budlelwane. Egameni likaJesu, Amen.

Nansi indaba encane ngoSmanga:

Insizwa egama layo linguSmanga yayingenabo ubudlelwane obuhle noyise. Lapho uSmanga eseyingane, uyise wayengamnaki noma wayehlezi emthethisa. Ubaba wakhe wayebonakala ethanda umfowabo nodadewabo omdala, kodwa ngaye, uyise wayehlala engenasikhathi noma emthukuthelele. Njengomfana omncane, uSmanga akazange aqonde. Wacabanga ukuthi ungumntwana omubi njengoba uyise wamphatha ngale ndlela.

Eminyakeni eminingi kamuva, uSmanga wakhula kodwa ubudlelwane nobaba wakhe abuzange bukhule. Abazange bakhulume ngaphandle uma kwakunesidingo. Khona-ke, ubaba ka Smanga wagula kakhulu. wayenomdlavuza womqondo futhi ngokushesha kakhulu, wayengakwazi ukukhuluma nabanye. Ngemva kwezinyanga ezimbalwa, ubaba wakhe washona futhi uSmanga wasala engakwazi ukubuyisana noma ukwenza ukuthula nobaba wakhe. Kuze kube yilolu suku, uSmanga uyazisola ngokuthi akazange enze ukuthula nobaba wakhe. Uma nje engase abe nemizuzu eyishumi nje nobaba wakhe, wayezomtshela ukuthi uyamthanda. Kodwa lokhu ngeke kwenzeke.

Nansi enye indaba ... mayelana noSizakele:

Ubaba kaSizakele ungumholi ohlonishwa kakhulu emphakathini wabo. Kodwa abantu abazi ukuthi uyise kaSizakele wamhlukumeza lapho esemncane. Wamshaya futhi wamhlukumeza nangokocansi. Washiya ekhaya esemncane ebalekela ukuhlukunyezwa. Sekuphele iminyaka engaba ngu-30 kanti uSizakele useshadile futhi unezingane ezintathu. Ukuphila kwakhe kuhle. Kodwa ngaphakathi, kukhona ubuhlungu obungapheli. Ngezinye izikhathi uSizakele uhlala ematasa ngangokuthi kuze kube engathi ubuhlungu abusekho. Kodwa lapho kufika ukuhlwa futhi kuthulile endlini, kubuya bonke ubuhlungu.

Ubuhlungu bukaSizakele buvela ngesifiso sakhe sokuba nobudlelwano obuhle nobaba wakhe. Kodwa iminyaka engu-30, uSizakele wakhetha ukuhlala ethukuthele kunaloko. Kodwa manje kwakuyisikhathi sokushintsha. USizakele wanquma ukuthi intukuthelo isihlale naye isikhathi eside kakhulu. Wayengafuni ukuhlala ebugqilini bentukuthelo impilo yakhe yonke. Kwakuyisikhathi sokuthethelela. USizakele wahamba izinsuku ezimbili waze wafika emzini wabazali bakhe. Wangqongqoza emnyango ubaba wakhe wavula umnyango. Bagqolozelana omunye nomunye ngalokho okwakubonakala sengathi kwakuyisikhathi eside.

Ubaba kaSizakele wamngenisa endlini. Ngokushesha uSizakele wathi, "Baba, ngikuthethelele." Lapho uyise ezwa lawo mazwi ayigugu, wawa ngobuso wayesekhala. Wakhala isikhathi eside ngaphambi kokuba athi, "Sizakele, ngiye ngahlupheka kakhulu usuku ngalunye kusukela wasishiya. Angikwazi ukuzwa injabulo empilweni yami ngoba ngizizwela ubuhlungu ngalokho engakwenza kuwe. "Ngonyaka olandelayo, ubaba kaSizakele washona. uSizakele wayebonga kakhulu ngokuthi wayenze ukuthula nobaba wakhe ngaphambi kokuba ashone. Futhi uSizakele wathola ukuthi abe nokuthula okusha nokuhlala njalo ngaphakathi kwakhe.

Mlaleli, nginendaba eyodwa yokugcina ... Umama ka-Amkelokuhle wamshiya lapho esemncane. Umama wakhe wamushiya futhi akazange abuye iminyaka emininganа. Uyise ka-Amkelokuhle kwadingeka asebenze imisebenzi emithathu ukuze akhokhele indlu nokudla, ngakho wayengekho ekhaya. U-Amkelokuhle wasala yedwa. Wahlanza izingubo nendlu. Wathenga ukudla futhi wapheka. Kwakudingeka enze izinqumo ezibalulekile empilweni, eyedwa.

Iminyaka eminingi idlulile futhi u-Amkelokuhle manje ukhulile nomndeni wakhe omuhle. Kodwa u-Amkelokuhle akazange enze ukuthula nomama wakhe. U-Amkelokuhle uhlala enolaka futhi enomunyu ngaphakathi. Lokhu kuvimbela u-Amkelokuhle ukuba ajabule ngempela. Loku Kwabanjengefindo elibuhlungu elikhukhulayo esiswini sakhe elingayi ndawo.

Mlaleli, sinesiqiniseko ngento eyodwa nje. Ngesikhathi sikhula siba abantu abadala, kuzoba nomuntu empilweni yethu oyosilimaza ngokomoya noma ngokwenyama. Abantu, ngisho nomama nobaba, abaphelele ... bangabantu! Sonke senza amaphutha. Kodwa yebo, amanye amaphutha alimaza kabi kunamanye. Kodwa-ke, uma sibambelela entukuthelweni noma ekufuthekeni, intukuthelo nokufutheka kuhlala phezu kwethu! Siba yisigqila sentukuthelo. ithinta indlela esiphatha ngayo abanye nendlela esenza ngayo kwabanye. Futhi, kusiqeda injabulo nenkululeko uNkulunkulu ufuna ukusinika yona. Futhi leyo ntukuthelo ivimbela ukuba sithande ngokukhululekile abanye. Isivimbela ukuba singatholi uthando. Intukuthelo iyasivimbela 'nokudansa ngokujabula' okugcwele. Mlaleli, ingabe kukhona okhona empilweni yakho - ubaba, umama, umfowenu, udadewabo, umalume noma ugogo nomkhulu - odinga ukuthula naye? Ingabe kukhona ubudlelwane obudinga ukulungiswa? Ubani omncabangayo manje?

Singenza ukuthula nobaba nabanye, ngisho noma bengathandi ukwenza ukuthula nathi. Kuthiwa ukuthethelela. Ukuthethelela ukuyeka ukusola nokuthukuthelela lowo muntu okwenze ubuhlungu. Nazi izinyathelo ezimbalwa ezingakusiza:

- Okokuqala, qaphela okwenzekile kuwe. Bheka ukuthi kwenzekeni ebudlelwaneni, ngendlela obheka ngayo amabhodwe akho ukuze ubone ukuthi ahlanzekile, uhlola unqenqema, izinhlangothi, nangaphansi. Hlola ukuthi kwenzekani ngokucophelela.

- Okulandelayo, khetha ukuphula izibopho zentukuthelo ezikubophile. Khetha ukuthethelela. Khetha ukuyeka icala. Mhlawumbe, njengoSizakele, udinga ukuya kubaba wakho, noma komunye umuntu, futhi ubatshele ukuthi ubaxolele. Batshele ukuthi ufuna ukuyeka ukubathukuthelela. Batshele ukuthi ufuna ukuthula nabo.

Mhlawumbe njengo Smanga, ubaba wakho, noma umuntu odingayo ukwenza ukuthula naye, usashona kudala. Sinomyalezo okhethekile kakhulu kuwe. UNkulunkulu uyakuthanda. Uyazi ukuthi yini esenhliziyweni yakho. UNkulunkulu ufuna ukuthi ujabule ukhululeke entukuthelweni yakho. Futhi akukho lutho uNkulunkulu angakwazi ukukwenza. Mlaleli othandekayo, thandaza. Tshela uNkulunkulu ukuthi ufuna ukulungisa ubuhlobo - futhi nokunakekele. Tshela uNkulunkulu ngesidingo sakho sokuthula. Futhi uzivulele kuNkulunkulu, njengezimbali zasekuseni ezivulekela ilanga losuku olusha, zivulekele ukuthola isibusiso sikaNkulunkulu ngawe-isibusiso sokuthula nenkululeko kanye nekhono elisha lokuthanda nokuthandwa.

Mlaleli, uma ungathanda isibusiso sikaNkulunkulu, sicela ukhuleke nami:

Nkulunkulu othandekayo, baba wethu osezulwini, iBhayibheli lisitshela ukuthi kungenxa yobudlelwano nendodana yakho, uJesu Kristu, ukuthi ubudlelwano bethu nawe buhlelwe. O Nkulunkulu omangalisayo, sifuna ukwamukela uJesu manje. ... ngicela Jesu, ngithethelele izono zami futhi ulungise ubudlelwano bami nobaba osezulwini. Futhi uJesu, nginobunye ubudlelwane obudinga ukulungiswa. Ngisize ngithethelele. Ngisize ukuba ngithande. Sicela ulethe ukuthula kulobu buhlobo. Jesu, ngiyacela ube yiNkosi yokuphila kwami, ube ngumngane wami, futhi ube ngumthombo wami wamandla njengoba ngifuna ukuthula, injabulo kanye nenkululeko yokuthanda kuzo zonke izihlobo zami. Egameni likaJesu, Amen.

UMCULO

Philile: Siyajabula kakhulu ukuthi uhlanganyele nathi ohlelweni lwethu abesifazane abanethemba namuhla. Sithemba ukuthi uyazi ukuthi ukhethekile kuNkulunkulu, kungakhathaliseki ukuthi uphathwe kanjani ngubaba wakho.

Nomusa: Siyabonga dadewethu uPhilile uthini wena ingabe usizakele?

Philile: Yebo, ngiye ngathola okuningi! Into eyodwa engisizile ngempela ukuxazulula izinkinga zami nobaba wami ukukhumbula ukuthi yena noNkulunkulu bangabantu ababili abahlukene.

Nomusa: Lokhu kuyisibonelo esihle. Ngiyazi ukuthi izingane zivame ukukholelwa ukuthi uNkulunkulu uziphatha njengobaba.

Phililе: Yebo kunjalo. Futhi uma uBaba enesihluku enza izinqumo ezingezinhle, izingane ziyokholelwa ukuthi uNkulunkulu unjalo futhi. Ngaqala ukuphulukiswa lapho ngibheka ubaba wami wasemhlabeni njengomuntu, indoda efanelwe inhlonipho yami, kodwa yenza amaphutha. UNkulunkulu uhlukile. NjengoBaba wami wasezulwini, uyangithanda ngaso sonke isikhathi, futhi akalokothi enze amaphutha. UNkulunkulu ufanelwe inhlonipho yami, ngoba unguMdali wami futhi uyiNkosi yoMhlaba.

Nomusa: Siyabonga mlaleli sethemba ukuthi nawe kuningi okuzuzile esifundweni sanamuhla siyabonga kuwe dadewethu uThandiwe ngesifundo sezempilo nawe dadewethu uPhilile ngesifundo sokomoya. Udadewethu u Phililе kanye nami ngizoba lapha ... sithemba ukuthi nawe uzoba khona.

Uma ufuna ukusitshela ngobaba wakho - noma yini enye, singathanda ukuzwa kuwe. Ungathintana nathi ...usalekahle!